Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-41.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Imiyalelo yokumaka leli phepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. **(Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)**

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

'NGIBONGA NGIYANCONCOZA' – Imbongi ayaziwa

- Sebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-35.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda indikimba yenkondlo okuwumongo noma umqondongqangi wenkondlo. Indikimba yethula imiqondo, imicabango yembongi ngento/ ngesimo esithile. Indikimba yale nkondlo eyokubonga, imbongi ibonga ayiphezi kumuntu oyikhulisile ngolwazi. Indikimba ingavezwa ngamagama acebile/anothile asetshenziswe imbongi enkondlweni.

UMZIMBA
Ukukhethwa kwamagama acebile/anothile.

- **Okweguqa lithath' ubunkunzi (isifaniso) -** imbongi isebenzise isifaniso ukubonga ukukhuliswa ngolwazi igcine isikwazi ukuzimela ngokwayo.
- **Lisacij' izimpond' okweklwa (isifaniso) -** imbongi ibonga ulwazi elutholile oluyizikhali ezibukhali ezolwa ngazo empilweni.
- **Licijwa ngomlalazi-** imbongi igqamisa ukukuqeqeshwa kanzima kwembongi yilo muntu embongayo.
- **Okwenzulu yeziziba ngisajula (isifaniso) -** imbongi ibonga ulwazi enalo olujule kuhle kwesiziba esidephile. Ayimile imbongi isaqhubeka nokuthola ulwazi olujulile kulo muntu embongayo.
- **Ebandla lezingengelezi -** imbongi ibonga ukuthi yize noma isencane kodwa ulwazi enalo luyenza ukuthi yethenjwe abantu abadala kunayo baze bayisondeze kubo ukuba ibe yingxenye yabo ngoba ikhaliphile futhi ivuthiwe ngokomqondo.
- **Bengithwesa isicoco-** imbongi ibonga ukuthi ithweswe iziqu zokunqoba ngenxa yolwazi enalo, ingakho ibonga inconcoza.
- **Ngokudla umhlanganiso ngezinduku zomsimbithi. -** Imbongi ibonga ukuthi kwekade iqhathwe nabo iphumelele ngamalengiso ngenxa yolwazi olunzulu enalo.
- **Ngiphikelele kwelezinyandezulu -** imbongi ibonga ukuthi ngenxa yolwazi enalo isikulungele ukuya esigabeni esilandelayo sobumbongi.
- **Ngob'inkunz' isematholeni (isaga) -** imbongi ibonga lo muntu oyifundisile ngoba ulwazi eluncele kuyo ikwazile ukulusebenzisa igcine isingumholi noma isidingida izindaba ezinzulu nabantu abakhulile kunayo yize isencane.

ISIPHETHO/UVO LOMFUNDI: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Imbongi isebenzise amagama acebile/anothile ukugqamisa indikimba yale nkondlo.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240] **[10]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

'UNOLUXOLO/UNOXOLO' – KNN Gcumisa

2.1 Udumo lakho luyababazeka
Ufana namanz' apholil' ehla entabeni.
Upholil' uphuzisa bonke abakulangazelelayo,

Imvumelwano siqalo.

[Nikeza amamaki ama-2 uma etomulile imvumelwano washo nohlobo lwakho] (2)

2.2 Imbongi isebenzise isenzasamuntu ukugqamisa imisebenzi eyenziwa uxolo empilweni yabantu. Le misebenzi iyababazeka. Imbongi ize iyinike izimpawu zomuntu kodwa ibe ingeyena umuntu.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eshilo isizathu sokusetshenziswa kwesenzasamuntu wasekela] (2)

2.3 Umqondo oqukethwe umugqa wesi-6 kuya kowesi-9 owobuhlungu /wokuchitheka kwegazi obenzeka kubantu uma lungekho uxolo kanti umugqa we-17 kuya kowe-19 ugqamisa ubumnandi obuba khona kubantu uma kukhona uxolo.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eqhathanisise umqondo ngokwemigqa wasekela] (2)

2.4 Imbongi isebenzise i-enjambamenti ukuze kwakheke ilukuluku kumfundi/ ukudala ukuthelelana emigqeni yenkondlo. Lokhu kukhombisa ukuthi umqondo walokho okushiwo yimbongi emgqeni we-10 kuphelela emgqeni we-12. Imbongi ithi abantu baxabene basebenzisa amagama ayiziswana futhi kungekho obalamulayo.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile inhloso ekusebenziseni i-enjambamenti] (2)

2.5 Imbongi iphumelele kahle ukugqamisa umoya wokuncoma/wokujabula ngoba incoma ubumnandi obubakhona kubantu uma benothando, umusa noxolo empilweni yabo.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eveze impumelelo yembongi ekugqamiseni umoya] (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

'UGQOZI' – BW Vilakazi

3.1 Ngem' othangweni ngakhuleka,
Ngakhuleka laze layoshona.

Ukuxhumana okutshekile.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ekutomulile ukuxhumana washo uhlobo lwakho] (2)

3.2 Imbongi ithi ifike kwaDukuza yathola ulwazi ebingenalo njengoba kade ingazi lutho. Ibona uMkabayi eyamukela kahle nakuba eqale wayibhekisisa ukuthi ikulungele ukuba kulesi sigodlo. Kuthe kusenjalo yavulelwa esangweni yangena.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echaze kafushane ngokushiwo imbongi] (2)

3.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa ifanangwaqa u **'ng'** ukukhombisa ukuthi umgqumo omnandi osamculo iphinde igqamise/igcizelele ukuthi ikhuluma ngayo mayelana nezinto ezazenziwa yimbongi mathupha ngamehlo engqondo isephusheni esigodlweni sakwaDukuza.

[Nikeza umamaki ama-2 uma eveze inhloso yokusetshenzizwa kwefanangwaqa] (2)

3.4 Le migqa igqamisa umoya wokukhathazeka/wendumalo/wokubalisa ngoba kuthe uma sekubuya iphupho okwesibili imbongi ayibange isakubona ekade ikubone ephusheni lokuqala, isigodlo namasango evaliwe.

[Nikeza amamaki ama-2 uma exoxe ngomoya olethwa yile migqa] (2)

3.5 Le migqa iveza ithoni yokugqugquzela/ yokukhuthaza. Imbongi igqugquzelwa amazwi kaMkabayi othi ayivuke ibhale isebenzise isiphiwo sayo eyaphiwa sona yingakho ingeke isathula.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile imigqa egqamisa ithoni esetshenziswe yimbongi] (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

'IMFIHLO' – MH Mazibuko

4.1 Izinyanga nezanusi, ziwachitha ziwaqoqe–i-okzimoroni
Kanti kufihlweni? – umbuzombumbulu

[Nikeza amamaki ama-2 uma ezitomulile izibonelo zezifengqo] (2)

4.2 Leli binza ligqamisa indikimba yokufa. Imbongi ithi umuntu uyakwazi ukuxoxela omunye umuntu asondelene naye uma kukhona abhekene nakho kodwa uma esefile akabe esabuya ukuzomxoxela ngokufa. Uyathula angaxoxeli muntu ngisho nomndeni wakhe ngempilo aseyiphila yangalena kwethuna.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echaze kafushane indikimba etholakala kuleli binza] (2)

4.3 Umqondo oqukethwe umugqa we-16 owokuthi wonke umuntu uyokwazi ngempilo ephilwa ngaphesheya kwethuna mhlazane wafa.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuchazile umqondo] (2)

4.4 Lo mugqa ungilekelele ukuba ngiqonde ukuthi akulula ukukhuluma ngezindaba zeliba. Lo mugqa ugqamisa umoya wokudideka/wokukhathazeka kangangoba imbongi izithola ikhuluma nethuna ngqo ixakwa yizindaba zalo ezingaxoxelwa muntu.

[Nikeza amamaki ama-2 uma evezile ukuthi umoya umelekelele kanjani ukuqonda umugqa] (2)

4.5 Imbongi iyisebenzise kahle imvumelwanosiqalo u '**a**' ngoba iletha umgqumo omnandi nokugcizelela ukuthi akekho noyedwa owake wabuya wazotshela abaphilayo ngokwenzeka ngale kwethuna.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ephawulile ngokusetshenziswa kwemvumelwano] (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

'IMPANDE YESONO'– MSS Gcumisa

5.1 Nom' engayisebenzelang' uyayifuna.
Nonay' igcwel' amasak' uyayifuna.

Ukuxhumanasigcino.

[Nikeza amamaki ama-2 uma etomulile wakugagula ukuxhumana] (2)

5.2 Imbongi isebenzise imvumelwanosiqalo u '**a …**' ukuletha umculo nomgqumo omnandi nokugcizelela ukuthi kuphela imishado ngenxa yemali.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echaze kafushane ukusetshenziswa kwemvumelwano wasekela] (2)

5.3 Imbongi iveza umoya wokudideka/ wokudumala/ wokunganeliseki ngenxa yokuthi nabefundisi imbala bayayidinga le mali ngoba bagcina sebethatha imali yomnikelo ibe ngeyabo. Balindela ukunikelelwa ngabantu asebekhulile okufanele ngabe banakekelwa yibo qobo abefundisi.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuchazile umoya wasekela] (2)

5.4 Imbongi isebenzise uphawu lokubabaza ukudlulisa umuzwa wayo ngoba igqamisa izinsongo enazo, isongela/ixwayisa abantu abanomhobholo wemali ukuthi kuyeza ukufa lapho beyojeza/beyogwetshwa khona ngezenzo zabo/lapho bezofa khona bayishiye imali.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eshilo ukuthi kungani kusetshenziswe uphawu lokubabaza] (2)

5.5 Isigqi sale nkondlo siyanensa ngoba imbongi idumele idunyazwa izinto ezimbi abantu abazenzayo ngenxa yokufuna imali. Lesi sigqi sibuye sivezwe nayimigqa emininingi evalekile enkondlweni.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ekwazile ukuhlaziya isigqi] (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

INOVELI

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngodweshu olutholakala kule noveli. Udweshu lwehlukaniswe kabili, udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

UMZIMBA

Udweshu Lwangaphakathi

UMhlengi/uMahlengi

- Uba nodweshu lwangaphakathi ngenkathi eyotshela uNontobeko ukuthi bahlukane, uyaqhaqhazela, uyajuluka endleleni, uthi nanoma esefikile kuNontobeko ahluleke ukumtshela iqiniso ngesizathu sokumazisa ukuba bahlukane.
- Uya kuyise uNgidi eGcilima, ulokhu esabile ukumtshela ukuthi uyi*gay*, uyajuluka uze uhluleka nokudla ikhekhe alithandayo i*black forest.*
- Uba nodweshu uma ebuyekeza obekwenzeka ngenkathi behleli kamnandi noXolani uze udlala iculo lika- Joan Amatrading.
- Uthi ehleli noNdumiso kukhale ucingo azibuze ukuthi aluphendule njengoba luvela kuXolani kodwa agcine eluphendula.

UXolani

- Ushaywa uvalo, uhluleka nokugxilisa ingqondo yakhe kokwenzeka emhlanganweni akuwona ngenxa yokubuka uMahlengi, uthatha ikhadi alinikwe uMahlengi, ucabanga ukulishiya kodwa anqume ukumshayela ucingo uMahlengi afune babonane.
- Uthe ehleli ehhovisi acabange ukushayela uMahlengi ucingo ashaywe nguvalo angabaze kodwa agcine esemshayele ucingo.
- Ushaywe uvalo uma ecabanga ngomkakhe uLungile kodwa uqhubeka nokuya kuMahlengi.

UNdumiso

- Uthe esefulethini likaMahlengi angathokozi uma ebona izingilazi ezimbili, aze acabange ukuthi kukhona umuntu onyonyobela uMahlengi, uze ucabanga amasu okuthola imali ukuze alobole uMahlengi.
- Ngenkathi ebuya ukuyobamba inkunzi kwaNgidi, uthola ucingo oluvela kuZakithi waba nodweshu lokuthi alubambe yini ucingo olukhalayo agcine eseluphendulile.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UNgidi
- Udunyelwa ikhanda ngenxa yemicabango emininingi ayenayo ngemuva kokufika kukaNontobeko emzini wakhe ezofuna uMhlengi, unquma ukuyofuna uMhlengi.
- Ucabanga ngoNomalanga emuva kokuhamba ayofuna uMhlengi eThekwini, umshayela ucingo uyaxolisa.

Udweshu Lwangaphandle

UMhlengi
Uxabana noyise uNgidi uma emtshela ukuthi uyi-*gay*/unemizwa yabantu bobulili obufana nobakhe.

UNgidi
- Uxabana noMhlengi uma emtshela ukuthi uyi-*gay*', umphuca amafa umxosha ngesibhamu emzini wakhe.
- Uxabana noNomalanga ocingweni ngodaba lukaMhlengi.

UXolani
- Uxabana noLungile ngoba ebalindisile nezingane ngenkathi kufanele baye emcimbini kodwa wangabalanda. Uphinde axabane noLungile uma efika enuka isiqholo sabesifazane futhi ephuzile nokubiza igama likaMahlengi ngenkakthi elele.
- Uxabana noNdumiso bebanga uMahlengi, uNdumiso umshaya aze amlimaze.
- Uxabana nenkosikazi yakhe uLungile ngodaba lokushona kwezingane zabo.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngodweshu lwangaphandle nodweshu lwangaphakathi]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 Umoya wokukhathazeka, ngoba uNdumiso ufisa sengathi imali kaNgidi kungaba ngeyakhe, ukuze alobole uMahlengi.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umoya wesekela] (2)

7.2 Isizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi kulesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka esikhathini samanje/kulesi sikhathi sanamuhla.

- Kusetshenziswa izingcingo ezikuma*container* akwa-Vodacom, uNdumiso ushayele uMahlengi ucingo.
- Kunamabhuku ezingcingo. UNdumiso ubheke izinombolo zasePort Shepstone emabhukwini ezingcingo ukuze ashayele uNgidi ucingo.
- Kusetshenziswa imali uma kulotsholwa, uNdumiso ufuna ukuthola imali ukuze alobole uMahlengi.

[Nikeza amamaki ama-3 uma echazile isizinda ngokwenkathi/isikhathi wasekela] (3)

7.3
- UMahlengi uthe ehambele umhlangano wosomabhizinisi abasafufusa wahlangana noXolani, baxoxisana okwaphetha ngokuthi amnikeze izinombolo zocingo lwakhe.
- UXolani uvakashela uMahlengi kwase kokheleka inhlansi yothando yize uXolani engakamesheli.
- UXolani uphinde avakashele uMahlengi agcine emeshela naye uMahlengi amqome, wagcina esenquma ukuhlukana noNdumiso.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ezifingqile izehlakalo/izigameko ngokwendaba] (3)

7.4 Udweshu phakathi kukaMhlengi noNgidi ludalwa ukuthi uMhlengi utshela uNgidi ukuthi uyi '*gay*' lokho kwaholela ekutheni uNgidi athukuthele amxoshe nasemzini wakhe.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile udweshu wasekela] (2)

7.5 Indlela uNgidi noNontobeko ababuka ngayo uthando iyefana ngoba bobabili banothando lweqiniso ngoMhlengi. UNgidi wayesehlukene nendodana yakhe uMhlengi ngemuva kokuthi uMhlengi emtshele ukuthi uthanda abantu bobulili obufana nobakhe kepha kwathi uma kufika uNontobeko washintsha umqondo wakhe ngenxa yothando lwendodana yakhe uMhlengi bahamba bayomfuna. Kanjalo noNontobeko wayesehlukene noMhlengi ngemuva kokuba amale wathandana noNkululeko kepha wahluleka ukuqhubeka nothando lwabo wahamba wayofuna kubo kaMhlengi.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eqhathanisile wasekela ngokwendaba] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

7.6 Umphumela wesenzo sikaNontobeko empilweni kaNkululeko waba mubi ngoba uNontobeko wala uNkululeko ngobusuku obandulela usuku lomshado wabo okwaholela ekutheni uNkululeko azibulale ngokuzikhunga.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuchazile umphumela wasekela] (3)

7.7 Ngicabanga ukuthi umbhali udlulisa umyalezo wokuthi kumele ulalele uma abantu bekuxwayisa. ULungile wayemkhuzile uXolani ukuthi ahlukane nemikhuba ayeseyiqalile ngoba esola ukuthi useqonyiwe. Akazange alalele uXolani, waphikelela nokuthandana noMahlengi yize noNdumiso wayemxwayisile ngokuthi akahlukane noMahlengi, ekugcineni wathola umvuzo obuhlungu wokushelwa yindlu nezingane.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umbono womyalezo wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

7.8 Umbhali uhlose ukuveza ukuziphatha budlabha bukaSbu bokuthanda izintombi njengoba uSbu wathi ebize uZakithi ukuthi amvakashela waphinda wabiza uNomthi. Lokho kwagcina kudale ingxabano, uNomthi noZakithi balwa.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eyivezile inhloso wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)

7.9 Ngokwami ukubona kungafanela ukuthi abazali bafundiseke ngamalungelo abo bonke abantu ukuze bazihloniphe izinqumo ezithathwa izingane ngempilo yazo. Kungakuhle uma bengamukela, bangazixoshi emakhaya azo njengoba uNgidi wanquma ukuxosha uMhlengi ngenkathi emtshela ukuthi 'uyi-*gay*' akangakwemukela lokho.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuvezile umbono wasekela ngokwenelisayo] (3)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa ikhono lokuphetha inoveli yakhe ngoba uyiphethe ngovuthondaba. Inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu, uMhlengi/Mahlengi, yokuphila impilo entsha ivela obala ngoba abantu abasondelene naye abagcine bengene ezinkingeni ngenxa yokungalazi iqiniso lempilo entsha kaMhlengi/Mahlengi bagcine belazi iqiniso noMhlengi/Mahlengi wathola ithuba lokuxolisa kubona.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ephawulile ngesiphetho sendaba wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)
[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngodweshu olutholakala kule noveli. Udweshu lwehlukaniswe kabili, udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

UMZIMBA:
Udweshu Lwangaphakathi

UNomvula
Uyazibuza ukuthi amsize noma angamsizi uChule njengoba esecindezelwa imoto njengoba uChule ubethi oDaffo mabamsonte intamo uNomvula.

UGenyeza
- Uba nodweshu uma ebona ukuthi uMirriam esewine *i 'pick-six'* ngeke aphinde amlalele ngoba nakhu yena uyisichaka.
- Uba nodweshu aze afunge agomela ukuthi uzoziphindiselela koHlulintombi noDicey ngoba ethi babenesandla ekuhambeni kukaNomvula/kukaMirriam.

UMeyili
- Ucabanga aze aphimisele ngokuthi ufukuza kanje kanti usecebile ngemuva kokuzwa ngoDladla ngomcebo kaNomvula.

- Uba nokungabaza uma uMaHadebe ethi ababulale uNomvula noMaNdelu ukuze bathole umcebo wakhe, ugcina engahambisani necebo likaMaHadebe lokubabulala.

UChule
- Ucabanga ngesu azolisebenzisa ukuthola le mali ewinwe uMirriam, umtshela ukuthi akahambe naye ukuze amvikele.
- Ucabanga ukufaka isehlukaniso somshado noNomvula kodwa abe nokungabaza ngoba ecabanga ukuthi kuzomele bahlukaniselane umcebo wabo. Ugcina ngokwakha isu lokubulala uNomvula, uqasha oDaffo noJamu ukuze bambulale.

Udweshu Lwangaphandle

UGenyeza
- Uxabana noSikiti obeze ukuzobonisana noMirriam ukuthi akhishwa kanjani amashwa emalini yamahhashi.
- Uxabana nabo bonke abantu ababefika kwa*Dicey* bezama ukuqola uMirriam.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMeyili

- Uthethisa uMaNdelu embangisa ukuthi uNomvula ubhalele yena incwadi emazisa ngendaba yokubamba *i-pick-six*.
- Uthethisa uMaHadebe ngoba ethi ungenaphi endabeni kaNomvula nokuthatha kwakhe imali kaMaNdelu.
- Uhilizisana noMaHadebe ngoba bengaboni ngaso linye mayelana nodaba lokudlisa uNomvula ukuze imali ibuyele ngakubona.
- Uxabana nabakhongi bokuqala oDaffo mayelana nenani lemali elibhalwe eshekeni abazolobola ngalo nokuthi bebengamloboli ngani uMirriam engakawini emjahweni wamahhashi.

UChule

- Uxabana noGenyeza ngenkathi emfica endlini kaMirriam, uthatha uMirriam uhamba naye uya eMlazi.
- Uxabana noMirriam bebanga ukuthi ulalela umculo kaGenyeza.
- Uxabana noDaffo esitolo uma esemsebenzisa kanzima.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngodweshu lwangaphandle nodweshu lwangaphakathi]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 Umoya wokudabuka, uRose Mathaba udabukela uGenyeza oseshiywe nguMirriam abase bethandane isikhathi eside wathathwa ngumuntu waselokishini, uChule.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umoya wesekela] (2)

9.2 Isizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi ngokwalesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka kule nkathi yamanje/ kulesi sikhathi sanamuhla.

- Kubhalwa izincwadi, uNomvula wabhala incwadi eyibhalela uGenyeza ngenkathi ehamba wayishiya ngaphansi komsakazo.
- Kunabantu abahlala emalokishini njengoba uNomvula ehamba nomuntu waselokishini.
- Abantu abamnyama banamagama esiNgisi, njengoba sithola URose okuyigama lesiNgisi ekhuluma noGenyeza emduduza.

[Nikeza amamaki ama-3 uma echazile isizinda ngokwenkathi/ isikhathi wasekela] (3)

9.3
- UChule wahlaselwa ngumuntu, wamshaya wagcina eselele esibhedlela.
- Uthe esesibhedlela uDaffo wanquma ukuhamba ayoshela uNomvula ukuze naye azohlomula emcebeni kaNomvula.
- UNomvula wanquma ukuceba uDaffo kumyeni wakhe ngesenzo sokumeshela lokho kwaholela ekutheni uChule agqilaze uDaffo.

[Nikeza amamaki ama-3 uma efingqile izehlakalo/izigameko ngokwendaba] (3)

9.4 Isisusa sodweshu phakathi kukaChule nababhishobhi ukuthi uChule waphuma ephepheni elunywa yizinja futhi ezibiza ngombhishobhu webandla labo lokhu kwabathukuthelisa ababhishobhi bafuna nokumsusa esikhundleni.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile udweshu wasekela] (2)

9.5 Indlela uSikiti noMeyili ababuka ngayo indaba yomcebo iyefana. USkiti wathi angezwa ukuthi uNomvula uwine imali emahhashini waba nomhobholo wayifuna naye. Wase ekhohlisa uNomvula ngokuthi imali etholakale ngale ndlela inamabhadi. Ngakho-ke kufanele ayiphose emoyeni inqakwe ngabantu. Kanjalo noMeyili waba nomhobholo wemali ngoba wathi angezwa ngemali kaNomvula ayeyiwinile wayifuna ngoba ethi ngeyakwakhe.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eqhathanisile wasekela ngokwendaba] (2)

9.6 Umphumela wesenzo sikaMaHadebe waba mubi ngoba uMahuzu wagcina ngokushona ngemuva kokushayiswa iloli eThekwini ngenkathi emthume ukuba ayodlisa uNomvula umuthi ukuze ahlanye.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuchazile umphumela wasekela] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

9.7 Ngicabanga ukuthi umbhali udlulisa umyalezo wokuthi kumele ungazithatheli izinto phezulu uthembe umuntu ongamazi. UNomvula washiya uGenyeza enethemba lokuthi uChule uzomvikela futhi amthande kangcono kunoGenyeza kodwa kunalokho wamhlukumeza engasafuni ukuthi alalele noma abukele umculo kaGenyeza.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umbono ngomyalezo wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

9.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi bakhona abelungu abanobuntu abangebona ogombela kwesabo njengoba uBrenda wayazi ukuthi uMirriam kwakungenzeka angatholi ukuthi uwinile ngoba engafundanga kepha wathembeka wamtshela ngokuwina kwakhe imali emjahweni wamahhashi.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eyivezile inhloso wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)

9.9 Ngokwami ukubona ukuthi abantu abaswele mabangajahi ukuphila impilo ewubukhazikhazi baqhubeke nokuphila impilo abebekade beyiphila ukuze baqale bathole izeluleko zokusebenzisa imali. UNomvula waqhubeka wasebenza kaDicey yingakho wakwazi ukuyisebenzisa ngendlela efanele wakhela umndeni wakhe umuzi wasiza uMeyili ukuba nesitolo.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuvezile umbono wasekela ngokwenelisayo] (3)

9.10 Umbhali ulisebenzise kahle ikhono lokuphetha inoveli ngoba uyiphethe ngopholavuthondaba/ngebohlololo ngoba izinkinga zikaGenyeza noMirriam ziyaxazululeka. Babuyelana, bakha umuzi oyisithabathaba, baba nomgcagco owathakaselwa kakhulu eThusini.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ephawulile ngesiphetho sendaba wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngodweshu olutholakala kule noveli. Udweshu lwehlukaniswe kabili, udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

UMZIMBA:

Udweshu Lwangaphakathi

UDumazile
- Ucabanga ngokukhulelwa kwakhe ingane kaSithole uze ufikelwa umcabango wokuhushula isisu kodwa uyawuphebeza lowo mcabango ngoba esaba ukuthi angafa.
- Ucabanga ukuhlela isu noMthovovo lokuzuza imali ngesitolo sikaSithole, ushisa isitolo.

UMoloi
- Uyabalisa ukhuluma yedwa edidwa ubuhle bukaDumazile, utshela uDumazile ukuthi akayomkhelela amanzi.
- Ucabanga ngodaba lokukhulelwa kukaDumazile, uMisi Hlophe kanye nenkosikazi yakhe eyayikhulelwe ekhaya eGoli, unquma ukushiya umsebenzi.

UMaNzimande
Uzibuza ngodaba aluzwe ngoLizy lokuthandana kukaDumazile noSithole, ubuza uSithole, uxosha uDumazile.

Udweshu Lwangaphandle

UDumazile
- Uqophisana noMisi Hlophe ngendaba yokuqoma uthisha uMoloi.
- Uxabana nabazali bakhe ngenxa yokukhulelwa ingane kaMoloi.
- Uxabana noSithole bebanga imoto ayeseyithengisile ngoba iyisikilebha.
- Babanga noSithole umuzi awuthengelwa uSithole uma ethi angawudayisa uma ethanda.
- Utshela uSithole ukuthi akasayingeni indaba yakhe.
- Uxabana noMtalaselwa ngendaba kaSithole waze wambeka isandla.
- Uxabana noMtalaselwa bebanga ukuyokwakha ekhaya kubo kaMtalaselwa eJilafohlo.
- Uxabana noMtalaselwa ngoba esengenelana nabantu bakwaVilakazi ababengezwani nabakwaZuma ngoba babebange insimu.
- Uxabana noMtalaselwa babanga ukuthi uthi ubeye esangomeni samtshela ukuthi uMaShandu uthakatha umntwana wakhe uSanele.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMaNzimande

- Uhilizisana noSithole ngoba emtshela ukuthi yena uzwe ngoLizy ngezinsolo zokuthandana kwakhe noDumazile.
- Uxabana noSithole bebanga ukuthi akezanga esitolo ngenkathi uSithole embizela ukuzokhuluma ngodaba lokuthandana kwakhe noDumazile ayeluzwe ngoLizy.
- Uxabana noSithole ngokuthi akuxoshwe uDumazile emzini wabo.
- Uxabana noSithole bebanga ukuthi uSithole ulala noDumazile, ebe uDumazile ethandana noMkhize.

UMoloi

Ulwa noSithole kuze kuphume abantu babukele kanye nabamaphephandaba.

USithole

- Uxabana noMaNzimande bebanga indaba kaLizy omtshele ukuthi uthandana noDumazile.
- Uxabana noKheswa ngoba ezizele yena ukuzohlawula uDumazile ebe emdala eshadelwe.
- Uphuma ejele ulwa noMoloi bebanga uDumazile.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngodweshu lwangaphandle nodweshu lwangaphakathi]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

11.1 Umoya wosizi, ngoba isimo sasemzini kaSithole sabe singasesihle uMaNzimande esesebenza emajalidini. USithole wayesefike ahlale ngaphandle kwakhe ngoba kungenamuntu.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umoya wesekela] (2)

11.2 Isizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi ngokwalesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka kule nkathi yamanje/kulesi sanamuhla.

- Kunamathekisi, uSithole wagibela itekisi ngenkathi eya kwakhe.
- Kunezikole, uMpisendlini wayesesikoleni ngenkathi uSithole efika ekhaya.
- Kunamajele, uSithole ubuya emzini wakhe ngemuva kokuboshwa wathola izinto sezishintshile. /Ukudla akuthole kwaMaNzimande akugculisi njengokwasejele.
- Abantu besifazane sebesebenza emajalidini, uMaNzimande wayebuya emsebenzini emajalidini ngenkathi ethola sekubuye uSithole emzini wakhe.

[Nikeza amamaki ama-3 uma echazile isizinda ngokwenkathi/isikhathi wasekela] (3)

11.3
- Kwafika uSithole emzini kaDumazile kanti uzothola uMoloi naye evakashele uDumazile.
- Wathukuthela uSithole wangena endlini walwa noMoloi.
- Indaba yokulwa kukaMoloi noSithole yaphuma emaphephandabeni yaziwa yiwo wonke umuntu ngisho nomyeni wakhe uMtalaselwa, uDumazile wase enquma ukuhamba emzini wakhe.

[Nikeza amamaki ama-3 uma efingqile izehlakalo/izigameko ngokwendaba] (3)

11.4 Isisusa sodweshu lwabangelwa ukuthi uMisi Hlophe abuye esikoleni ngemuva kokuyoteta ingane ayitholiswe nguMoloi, wase etshelwa nguMisi Mpungose ukuthi isoka lakhe elinguMoloi selithandana noDumazile. Lokhu kwaholela ekutheni uDumazile ahlaselwe nguMisi Hlophe ngamazwi.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile sodweshu wasekela] (2)

11.5 Indlela uMoloi noMthovovo abakhombisa ngayo ukungabi nasimilo iyefana. Bobabili bambatha ngubonye noDumazile bengazange bazivikela UMoloi wathi enenkosikazi yakhe, ewuthisha kaDumazile futhi emdala waxegelwa yisimilo wathandana nengane encane yesikole uDumazile. UMthovovo wathi engashadile noDumazile esebenza naye wembatha naye.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eqhathanisile wasekela ngokwendaba] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

11.6 Umphumela wesenzo sikaMtalaselwa waba mubi ngoba uMtalaselwa ugcina ngokuhlukana nomndeni wakhe, unqaba ukwakha eJilafohlo. UDumazile unuka uMaShandu ngokuthi uthakatha uSanele. Watheleka ngehlazo komakhelwane ngemuva kokuba kulwe amadoda okunguMoloi noSithole emzini wabo ebanga uDumazile. Le mpi yaphuma emaphepheni wagcina ngokushona ebulawa yingculazi ngenxa kaDumazile.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuchazile umphumela wasekela] (3)

11.7 Ngicabanga ukuthi umbhali udlulisa umyalezo wokuthi kumele ungazithatheli izinto phezulu uthemba umuntu ongamazi. USithole wayeyinjinga esahleli noMaNzimande wamlahla ngoba wayesebona uDumazile wazitshela ukuthi uzophila kahle ngoba edidwe uthando olusha ngalokho wazibizela amashwa ngoba uDumazile waba yimbangela yokuthi aphelelwe yikho konke ayenakho, kwasha isitolo sakhe wagcina ngokuboshwa.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umbono ngomyalezo wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

11.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi 'ungabomethemba umuntu' ikakhulukazi ngezinto zakho ezibalulekile empilweni. USithole wayebathembile oDumazile noMthovovo kodwa kwaba yibona abamenzela phansi ngokugqekeza futhi bashise isitolo sakhe. Lokhu kwaholela ekutheni abe yimpabanga ngoba nomshwalense wawungakhokhelwanga.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eyivezile inhloso wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)

11.9 Ngokwami ukubona kungafanela kube nezimfundiso ezeluleka amantombazane ukuzimbandakanya kwezothando esafunda ukuze akwazi ukubika kothisha abawaphethe, kubazali futhi angaxoxela abangani, lowo thisha oshelayo akhuzwe ngokulandelwa kwemithetho ebekiwe nguhulumeni. UDumazile wanquma ukuthandana nothisha uMoloi wagcina ngokukhulelwa.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuvezile umbono wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)

11.10 Umbhali ulisebenzise kahle ikhono lokuphetha le noveli ngoba iphethe ngopholavuthondaba/ngebohlololo ngoba umndeni kaDumazile nomndeni kaMtalaselwa uyabuyisana ngomngcwabo kaDumazile. UMaShandu uyamxolela uDumazile ngokumnuka ukuthi uyathakatha. NabakwaKheswa bayamxolisela uDumazile emndenini wakwaZuma.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ephawulile ngesiphetho sendaba wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

***IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngodweshu olutholakala kule noveli. Udweshu lwehlukaniswe kabili, udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

UMZIMBA:
Udweshu Lwangaphakathi

UNjini Cele
UCele ucabanga ngokuphoxwa kwakhe uBafana Ngubane. Uhamba ukhuluma yedwa ezibuza ukuthi ngempela ingabe nguyena umfana kadadewabo lona osengamxoshisa okwenja/okwesinxibi emzini wakhe eMlazi.

UBafana
- Simthola ecabanga ngenkathi kuthiwa u-Euthenasia untshontshe imoto kathisha wakhe. Wacabanga ukuthinta abameli bakhe kodwa wazikhuza.
- Udliwa yimicabango estadi ngodaba aluzwe ngoMaXakushe lokuthi u-Euthenasia uyiqedile imali yakhe. Uze akhulume yedwa.
- Ucabanga ngezincwadi ezithathwe nguPoppie engazi ukuthi uyolwenzenjani lolu daba. Wanquma ukuyozithenga kunokuba abuyele kwakhe.
- UBafana ufikelwa isikhwele uma ebona uMaMthimkhulu ehleka nensizwa enehwanqa ayengayazi kanti indodana yakhe. Intukuthelo yamenza wacabanga nokuzibulala ngokuziphonsa olwandle ngemoto ayeyiqashelwe nguMaMsibi.

UPoppie
Uzibuza ngodaba lwezingane zikaLinono ezigijima zedlule ezakhe, ufikelwa umcabango wokuzithakatha, uphinde acasulwe nayinswebu yokufana phakathi kwazo, ugcina enqume ukungazibulali.
Udweshu Lwangaphandle

UBafana
- Uxabana noCele umalume wakhe bebanga udaba lokuthi akazifuni izingane zaseMpaphala ngoba kunguPoppie owengamele udaba lwezingane.
- Uxabana noPoppie bebanga ukuntshontshwa kwemoto kaMiss Hawkins athi uPoppie ingane yakhe ayiyintshontshanga.
- Uhilizisana no-Euthenasia mayelana nokuntshontsha kwakhe imoto kaMiss Hawkins aye ngayo emalokishini abantu bomdabu.
- Uxabana noPoppie ngoba uPoppie ethengele izingane imoto waduba washiya ikhaya lakhe e-La Lucia.
- Uhilizisana noVeronica, uMaMthunzi, ngodaba lokukhulelwa kukaPrisca kanye nangokungabonakali kwemoto yakhe egcekeni kanti sekuvele inhlekelele yokulimala kukaPrisca.
- Uxabana noMgwazeni mayelana nokuvulela uPrisca icala ngemumva kokuba uNkebelele eginqe imoto yakhe.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UPoppie

- Uxabana nomyeni wakhe bebenga ukuthi wayengambizi ngani ezingxoxweni zabo nomalume wakhe uCele.
- Uphinde uxabana noBafana mayelana nokusizwa kwezingane ngomsebenzi wesikole.
- Uxabana nomethiloni Mngadi mayelana nodaba lwezingane angazifuni emzini wakhe. Umethiloni uMkhize uthi yena woziqoqa zonke izingane zomyeni wakhe.
- Uxosha uMaXakushe ngoba etshele uBafana mayelana nendaba ka-Euthenasia yokuthi ukhwabanisa imali kaMaXakushe.
- Uhilizisana noHlanganisani uma uHlanganisani ezama ukumshayela ucingo ukuze amtshele ukuthi u-Euthenasia useMpaphala.
- Uphinde axabane nomyeni wakhe bebanga ukufunda kwakhe e-UNISA kanye nempilo yabo.
- Uhilizisana noVikizitha ngokwamukela igama lamaqaba nokufuna ukuyofunda eNyuvesi yasOngoye.

U-Uzithelile

- Uhilizisana noKhanjana bebanga ukuthi umjikijele ngenduku ehlombe bagcina ngokulwa. U-Uzithelile ugcina eselwa naye ngenduku uyamehlula.
- Uhilizisana noKhuzwayo emhlanganweni owayemgcona ngokuba ngumuntu wesifazane. U-Uzithelile wamchazela ngesizotha emuva kokuba ethandazile kwaba nenqubekela phambili.

U-Euthenasia

- Uxabana noMaXakushe ngokuthi akafuni ukumlalela njengomuntu osebenzayo.
- Uxabana noyise ngenkathi entshontshe imoto kaMiss Hawkins engayicelanga, uhamba ngayo ukuyobona abantu baseReservoir Hill, La Lucia naseLindelani.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle udweshu lwangaphakathi nodweshu lwangaphandle.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngodweshu lwangaphandle nodweshu lwangaphakathi]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 Umoya wokuzikhukhumeza/wokuzincoma ngoba u-*Farook* utshela uNgubane ukuthi bona ababadayiseli abantu abahamba ngezitimela namabhasi kodwa abahamba ngezimoto/U*Farook* uncoma uNgubane ngohlobo oluphambili lwe*Mercedes* alushayelayo. UNgubane naye uyazikhukhumeza ngoba uze asho uhlobo lwemoto ahamba ngayo.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umoya wesekela] (2)

13.2 Isizinda ngokwenkathi ngokwalesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka ngenkathi yamanje.

- Abantu bahamba ngezimoto eziphambili ze*Mercedes* Benz, uNgubane uye esitolo sika*Farook* ehamba nge*Mercedes Benz*
- Kusetshenziswa ulimi oluxutshwe nolwesiNgisi njengoba u*Farook* abuye asebenzise ulimi lwesiNgisi lapho ekhuluma
- Kunemishini yokubala imali njengoba u*Farook* ebala imali yendodana kaNgubane ngomshini.

[Nikeza amamaki ama-3 uma echazile isizina ngokwenkathi/isikhathi wasekela] (3)

13.3

- UNgubane wanikwa izincwadi ukuze azithuthukise kepha kwafika uMaMthimkhulu engakazifundi. Wayezomncenga ukuthi abuyele ekhaya. Wanqaba uNgubane waphuma ngomunye umnyango washiya uMaMthimkhulu, wase ethatha izincwadi zakhe.
- UNgubane wazama ukuyothenga izincwadi ezazithathwe uMaMthimkhulu kodwa wayengasawakhumbuli amagama ezinye zazo.
- UNgubane wanyamalala amasonto amabili engasezi emsebenzini, wabuya esevithikile ngenxa yokuphuza kakhulu. Wabonga umsebenzi kubaqashi bakhe.

[Nikeza amamaki ama-3 uma efingqile izehlakalo/izigameko ngokwendaba] (3)

13.4 Isisusa sodweshu ukuthi uCele weza kwaBafana engashongo ukuthi uyeza futhi uzocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala ngoba yena engasenamandla. Lokho kwasusa udweshu ngoba uBafana wenqaba wathi yena umndeni wakhe uwuhlelile azinayo indawo.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile isisusa sodweshu wasekela] (2)

13.5 Indlela uMadonsela noPoppie abakhombisa ngayo ubuntu ayifani. UMadonsela waba nobuntu ngenkathi uCele esexoshwe uBafana kwakhe yena wamemukela wamnika indawo yokuhlala yize wayengesona isihlobo sakhe kanti u*Poppie* wala waphetha ukuthatha ingane ka*Nightingale* udadewabo kanye nezingane zikaLinono uHlanganisani no-Uzithelile, wafuna nokuzibulala.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eqhathanisile izenzo wasekela ngokwendaba] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

13.6 Umphumela wesenzo sikaMaMthimkhulu waba mubi ngoba wayelibele ukuzinaka yena ezithuthukisa ngokufunda nokubheka izikhundla zakhe emsebenzini. Lokho kwadala ukuba uMelody athole uZaneqiniso noZanele ebantwini abehlukene wagcina ebhalele u-Uzithelile incwadi ngoba efuna ukuzibulala.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuchazile umphumela wasekela] (3)

13.7 Ngicabanga ukuthi umbhali udlulisa umyalezo wokuthi kumele abantu bangaphindiseli okubi futhi bangabukeli phansi omunye umuntu. UBafana nomkakhe babebukela abaseMpaphala phansi kodwa ekugcineni u-Uzithelile utshela uMelody ukuthi makahambise izingane eMpaphala. Yenza aqhubeke nokufunda yize u*Poppie* noBafana bengazange basamukele isicelo sikaCele sokuthatha u-Uzithelile benoHlanganisani emzini wabo oseMlazi.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewuvezile umbono ngomyalezo wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

13.8 Umbhali uhlose ukukhombisa ukuthi kungenzeka uthi wenza izinto ngendlela efanele kanti usuzidonsela amanzi ngomsele. UNgubane wayezama ukumela iqiniso nokwenza okufanele ngokuthi kuvulelwe uPrisca noNkebelele icala ngokulimaza imoto yakhe. UMgwazeni wamsongela ngokumbulala uma kungenzeka aqhubeke necala, waphoqeleka ukuba ahambe kwaMaMthunzi aphindele eThekwini.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eyivezile inhloso wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)

13.9 Ngokwami ukubona kungafanela abhekane nezifundo zawo angazibandakanyi ezintweni ezimbi. Uma kungenzeka akhuthazwe ukubamba iqhaza kwezemidlalo ukuze athole amathuba emifundaze njengoba u-Uzithelile wafunda wazinikela kwezemidlalo wagcina ngokuthola umfundaze wokufunda phesheya kwezilwandle. Lokho kwalekelela ukuba aguqule isimo sakwaCele eMpaphala nasendaweni yakwaZulu jikelele.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ewuvezile umbono wasekela ngokwenelisayo]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)

13.10 Umbhali ulisebenzise kahle ikhono lokuphetha indaba ngoba iphetha ngopholavuthondaba/ngebohlololo. Umndeni wakwaNgubane e-La Lucia nowaseMpaphala ube nokubuyisana. UMaMthimkhulu noBafana bagcina sebehlala epulazini likaHlanganisani eMfangidelile. UMaMthimkhulu wafundisa enyuvesi, uNgubane waqhuba izifundo zokuphathwa kwamabhizinisi, waphatha epulazini likaHlanganisani.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ephawulile ngesiphetho sendaba wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (2)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-esseyi.

INGANEKWANE: 'AMAHLAYA ALALA INSILA'

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuxoxa ngobuhlakani. Ubuhlakani buyizenzo eziwubuchule ezenziwa abalingiswa noma abantu abathile empilweni. Lezi zenzo ezingubuhlakani zenza ukuba ube nogazi noma kwenye inkathi ube nyamanambana kwabanye abantu.

UMZIMBA

- Ubuhlakani obabenziwa isizwe sakwaNzimande kwakuwukhetha usawoti esihlabathini solwandle. Lokhu babekwenza ngokuthi baphephethe isihlabathi solwandle ukuze kusale usawoti. Usawoti babewomisa bese bewusonga ngesikhumba bawuyise eNdlunkulu. Yibo lobu buhlakani obabenza ukuba iSilo iLembe sibakhonze abantu bakwaNzimande.
- UVelaphansi owayehola abantu bakwaNzimande, wabe enobuhlakani bokuhlekisa iSilo ngamahlaya akhe uma siziphumulele futhi kwakwenza bonke abantu bajabule uma iSilo simoyizela.
- UVelaphansi wamenywa iSilo ukuba azokwenza akujwayele, ukuzoxoxa amahlaya eNdlunkulu ukuze iSilo sihleke.
- Wacabanga isu masinyane ngoba wabe engazi ukuthi uzoxoxa maphi amahlaya ngoba kwakungafanele aphinde amahlaya aseke wawaxoxa phambilini.
- Wacabanga masinyane ukuthi uzophuma kanjani kule nkinga. Wasebenzisa amaqaqa amabili ukwenza ihlaya kepha lelo hlaya lamdonsela amanzi ngomsele ngoba iSilo sathukuthela sathelwa ngamanzi.
- UVelaphansi wasebenzisa ubuhlakani ngoba wabaleka ebusuku nabantu bakwaNzimande baze bayobhaca ezintabeni zasoPhisweni. Baqoqa amatshe ukwenza umthangala ukuze bakwazi ukuzivikela uma amabutho enkosi uShaka efika ezohlasela. Basebenzisa lawo matshe ukulwa namabutho ayenamandla eSilo. Bawaginqela ngamatshe ngesikhathi ezama ukucaca entabeni.
- UZihlandlo nguyena owakwazi ukusebenzisa obakhe ubuhlakani ukunqoba abantu bakwaNzimande. UZihlandlo wahlakanipha wahlukanisa ibutho kabili. Ingxenye yokuqala yaqhamuka ngaphambili eyesibili yanyenya ngemuva. Ngesikhathi aMaphephethe esagqolozele ngaphambili, ambozelwa yibutho elaqhamuka ngasemuva.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

'IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI'

- Inkosi u-Albert Luthuli wayelwela inkululeko. Walwa ngezindlela ezahlukene:
- Inkosi u-Albert Luthuli usebenzise ubuhlakani ngenkathi elwa nabamhlophe. Kwaba yibo abamfundisa ulimi lwenkomo kaHaga. Walusebenzisa lolu limi ngesikhathi ebaphendukela esiswini njengotshwala.
- Uphinde asebenzise ubuhlakani ngenkathi ekhomba indlela. Angagcini ngokuyikhomba waphinde wayikhathula. Le ndlela akagcinanga nje ngokuthi ayihambe yedwa kepha wayifaka ezikoleni, nasemasontweni.
- Usebenzise ubuhlakani ukuze akhonzwe ngabantu. Wadela ukubusa ngoba wabe eyinkosi. Waqoma ukuba ahlupheke ukuze abantu bezokwazi ukumlandela ngoba wabe ephila impilo esezingeni elifana nelabo.
- Ubuhlakani bukaMadlanduna benza ukuba azuze imiklomelo emininingi okubalwa kuyo *neNobel Peace Price*. Usebenzise ubuhlakani ukuze kube khona inkululeko eyatholakala ngonyaka we-1994. Nguye owaqala lolu hambo oluya enkululekweni.
- Usebenzisa ubuhlakani ukuba uma elwa nezitha zakhe angasebenzisi izikhali kepha asebenzise ipensela. Ukulwa ngemfundo kwasiza isizwe esimnyama ukuba sibone ukubaluleka kwemfundo.
- Ubuhlakani bukaMadlanduka bagcina esebonakala engasalweli iqembu lakhe lezepolitiki kuphela. Kwamenza waba umuntu olwela bonke abantu abacindezelwe emhlabeni. Yibo lobu buhlakani okwamenza waduma umhlaba wonke ngenxa yamagalelo akhe ekufukuleni abantu abahlwempu.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ubusebenzise kahle ubuhlakani obutholakala kulobu buciko bomlomo obungenhla.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngobuhlakani obutholakala kulobu buciko bomlomo]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

IZINGANEKWANE: 'UNONSIKELELO'

15.1 Umoya wokukhathazeka/wokwesaba. Inkosana yayikhathazekile/yayesaba ngoba yayisendaweni eyihlane. UNonsikelelo wayengasawehlisi umsila wengubo. Yayingazi ukuthi izokwenzenjani uma iculo eyayilizwe liculwa amazimu lingasolwa bese amazimu ayayivimbezela.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ewushilo umoya wasekela] (2)

15.2
- Inkosana yezwa amazimu ecula kamnandi ehlathini mhla igeza emfuleni.
- Inkosana yaphindela ngolunye usuku ehlathini yase icasha, yabona ukuthi ngamazimu aculayo, kwase kwehla umsila wengubo yentombi enhle.
- Inkosana yazifundisa iculo yafike yalicula eduze kombhoshongo, kwase kwehla umsila wengubo, yagibela ngawo.

[Nikeza amamaki ama-3 uma echaze kafushane ukuvezwa komlingiswa wasekela] (3)

15.3 Umbhali uhlose ukuveza ukuthi kuyenzeka ekugcineni izinto sezizolunga bese ziyonakala. Izimu lase limtholile lo muntu owayevakashele uNonsikelelo futhi selimfihlile uNonsikelelo. Inkosana yafika embhoshongweni, yacula, izimu lehlisa umsila wengubo inkosana yenyuka ngawo, yathi uma libona ukuthi ngumuntu lethuka ladedela umsila inkosana yawa. Lokho kwenza ukuthi inkosana iphunyule ekutholweni ngamazimu okwaholela ekutheni igcine imtholile uNonsikelelo owayesefihlwe ehlathini.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze inhloso wasekela] (3)

15.4 Umyalezo womxoxi uthi, 'kufanele uphokophele noma kunzima uma ufuna ukuphumelela empilweni.' Inkosana yaphikelela ukuya ehlathini ukuze ithole uNonsikelelo noma yayazi ubungozi ezifaka kubo uma ingatholwa ngamazimu. Nangemuva kokubalekiswa ngamazimu kukaNonsikelelo emsusa embhoshongweni yagcine imtholile, yakwazi ukumthatha yabuyela naye ekhaya bagcina sebeshadile.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze umphumela wasekela] (3)

15.5 Siyakholeka ngoba amazimu ayemzwela ngenxa yokuthi wayemncane, emuhle ecula kahle. Lokho kwakungenza ukuthi amazimu agcine esemthanda ngempela.

NOMA

Asikholeki ngoba amazimu ngabantu abadla abantu. Ngakho- ke ayengeke athi esethole umuntu bese evumelana ngokumgcina, amkhulise angamudli iminyaka emininingi kangaka aze akhule abe intombi eseyisesigabeni sokushada.

[Nikeza amaphuzu ama-2 uma eveze ukukholeka/ ukungakholeki bese esekela] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

15.6 Ngicabanga ukuthi kwakufanele amazimu amkhulise uNonsikelelo ngoba wayesengozini yokuthi abulawe izilwane zasendle. Ukutholwa kwakhe ngamazimu kubonakala njengesu likaMvelinqangi lokuba akwazi ukuphepha agcine eseyindlovukazi yenkosi.

Noma

Ngicabanga ukuthi kwakungafanele amazimu amkhulise uNonsikelelo. Amphuca ilungelo lokukhula ehlala nabazali bakhe nokudlala nezinye izingane. Lokhu kwakungamenza abe nenkinga yokubudlelwano nabantu nokudideka ngendlela okufanele aphile ngayo.

[Nikeza amaphuzu ama-2 uma eveze umbono wakhe wasekela.] (2)

15.7 Ugandaganda omagiy' aya phambili,
Ugandaganda ongayi emuva.
Ukuxhumanasiqalo.

Noma

Igiya eliya phambili liyangena
Eliya emuva alingeni.
Ukuxhumanasigcino.

[Nikeza amamaki ama-2 uma ekutomulile ukuxhumana washo nohlobo lwakho] (2)

15.8 Okufanayo ukungapheli amandla/ukuphikelela. Emgqeni wesi-2 nowesi-3 ezibongweni uDkt. Zungu akaphelanga amandla ngenkathi ehlukunyezwa waphikelela ngemizamo yokuthuthukisa isizwe. Kanjalo nendodana yenkosi ayiphelanga amandla ngemuva kokulimala mhla iwiswa yizimu kabuhlungu yaphikelela yathatha uNonsikelelo ngenkathi imthola ehlathini.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ekuvezile okufanayo wesekela] (3)

15.9 Ngikuphicaphica ngento yami engikhipha ekhaya kumnandi, ingise lapho ngingazi khona.

[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso] (2)

15.10 Ihubo elithi, 'Isencane Le Ngane' nenganekwane ethi, 'UNonsikelelo' kunobudlelwano bokushada komuntu osemncane. UNonsikelelo wayesemncane ngenkathi eyoshada nendodana yenkosi esadinga ukwelekelelwa kanjalo nehubo likhuluma ngomuntu osemncane, oshadayo kodwa esadinga ukwelekelelwa emshadweni.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ephawule ngobudlelwano behubo nenganekwane wesekela] (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: **25**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: UMDLALO

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO
Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe. Indaba yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke. Kulo mdlalo, '*Kudela owaziyo'* ummeleli nguMdaluli.

UMZIMBA
Kungasetshenziswa lawa maphuzu alandelayo ukuphendula umbuzo:

Unothando
- Uvezwe njengomlingiswa onothando nonakekela umndeni wakhe.
- Utholakala ehlezi nomndeni wakhe kuvulandi wakwakhe encokola nawo.
- Ukhokha izindleko zikaLondiwe eKolishi lezobuChwepheshe.
  Ekudilizweni kwakhe emsebenzini uzama ukuvusa ikhono lakhe lokwakha izindlu ukuze angenise imali ekhaya.

Uhluleka ukumelana nezinkinga
- Ucela uManqina ukuba achazele uMaMlanduli mayelana nodaba lokudilizwa kwabo emsebenzini
- Uthakatha uChivenga uma efika umsebenzi abezowenza wokwakha engasawutholi.

Unodlame nesihluku
- Uba nodlame ekhaya nasemphakathini. Uduba ukudla akwenzelwe UMaMlanduli inkosikazi yakhe.
- Ufuna indabandaba ngenkani kumkakhe. Uze ushaya uMaMlanduli ngemvubu, uphinde ashaye noLondiwe ngempama amdabule umlomo uma ethi usiza unina.
- Uthembisa uLondiwe nodadewabo ukuthi uzobadubula ngesibhamu uma ebafica besekhona emzini wakhe ngemuva kokubaxosha.
- Uthakatha aze ashaye uChivenga kabuhlungu ngemolontshisi ngoba ethi umthathele umsebenzi wokwakha ayewuthenjisiwe emzini kaSaziwayo Ntenga.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Uyacwasa

- Ucwasa ngokokubili kanye nangokobuzwe.
- Uhlukumeza inkosikazi yakhe kanye nezingane ngokubashaya ngoba egabisa amandla futhi azi ukuthi abanakuziphindisela ngoba bengabantu besimame.
- Uqhakambisa ilungelo lakhe kunalelo likaMaMlanduli.
- Utshela uMaMlanduli ukuthi nenkomo iyalushayelwa ubisi lwayo futhi wamlobola ngakho-ke angeke amncengele ilungelo lakhe lasemshadweni elisemthethweni.
- Ubiza izingane zakhe ngonoyile.

Isiphetho (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)

UMdaluli uvezwe kahle njengomlingiswa ongummeleli walo mdlalo. Lokhu kufakazelwa yizenzo, inkulumo nangendlela abuka ngayo izinto.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokuvezwa kommeleli]

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1 Isizathu ukuthi uMdaluli uthukuthele ngoba ethi bamdelelile bamehlise isithunzi nakuMaMlanduli yikhona okudala ukuthi ajahe uLondiwe, uKhombephi noNenelezi ngesibhamu.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eluvezile udweshu wasekela] (2)

17.2 Inkulumo kaMaMlanduli iveza ithoni yenhlonipho ngoba umbiza ngobaba. Umeseka nalapho exosha izingane, umkhombisa nala zibalekele ngakhona.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile ithoni wasekela] (2)

17.3
- UMdaluli uphupha amathonga emtshela ukuthi makalande izingane zakhe ezinkalweni njengoba ayezixoshile.
- Abaphansi bathi makazicelele uxolo ezinganeni zakhe.
- Ageze igceke lomuzi wabo ngoba uhubhe izingane ngesikhali emzini wabo.

[Nikeza amamaki ama-3 uma efingqile ngamaphuzu amathathu] (3)

17.4 UMdaluli uhlukumeza uMaMlanduli, umbhambabula ngensilane. ULondiwe ushayela amaphoyisa ucingo, uMdaluli uyaboshwa ngokuhlukumeza uMaMlanduli nokushaya uLondiwe amlimaze emlonyeni. UMdaluli uyaxolisa ezinganeni ngokuba nodlame kuzo, ziyamxolela. Ufika ekhaya uzixosha ngesibhamu ziyabaleka zigcina sezilala komakhelwane.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ezilandelanisile izigameko] (3)

17.5 Umbhali uhlose ukuveza ukuthi bakhona omakhelwane abanobuntu. UManqina uchazela uMaMlanduli ngokudilizwa kwabo emsebenzini ngenkathi uMdaluli ehluleka ukutshela uMaMlanduli. Ukhuza uMdaluli uma elwisana nomndeni wakhe.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile inhloso wasekela ngoManqina] (2)

17.6 Bobabili bavezwe njengabalingiswa abawenza ngokuthembeka umsebenzi wabo kuhulumeni. UZenyezile usiza uLondiwe, uKhombephi noNenelezi ngesikhathi bexoshwe uMdaluli. Uchazela uLondiwe ukuthi angaziqhuba kanjani izifundo zakhe njengoba kungenzeka ukuthi uMdaluli agcine engabuyanga eSudani. UZayeka ufika ngokushesha, ulamulela uMaMlanduli ngenkathi uMdaluli embhonya ngenduku. Uphinda alamulele uChivenga eshaywa uMdaluli ugcina ngokumbopha.

[Nikeza amamaki ama-3 uma izenzo ziqhathanisiwe zasekelwa] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

17.7 Wawuzoba mubi. UChivenga wayengashaywa nguMdaluli aze alimale kakhulu hleze angabe esakwazi ukuqhubeka nokwenza umsebenzi wokuba ngumeselande. Wayengagcina efele ehlathini laseMphekandlubu, angaziwa ukuthi washonaphi njengoba wayengenabo ubuzwe baseNingizimu Afrika.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze imiphumela wasekela] (3)

17.8 Umbhali ugcizelela ukuthi ungabokwenza into ucabange ukuthi ngeke ubanjwe njengoba uHeshana uboshelwa amacala okwenza amapasi omgunyathi ngokushadisa abantu bengazi. Ugcina ngokuphelelwa ngumsebenzi.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile umyalezo wasekela] (2)

17.9 Ngiyavumelana ngoba indikimba yalo mdlalo ukucwasa kwabantu bokufika/udlame lwasekhaya. UChivenga uthatha umsebenzi wokwakha emzini kaSaziwayo Ntenga owawutholwe nguMdaluli kuqala. Lokho kudala ukuthi uMdaluli amcwase ngokumthakatha aphinde amshaye ehlathini.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eveze umbono indikimba wasekela] (2)

17.10 Umbhali uphumelele kahle ekusebenziseni ukubikezela enkulumeni kaChivenga ngoba ekugcineni kuvela enkantolo ukuthi uHeshane ubenza umkhonyovu wokuguqula amapasi abesifazane ngokubashadisa nabantu bokufika bengazi.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze impumelelo yokusetshenziswa kokubikezela wasekela] (3)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni
- Sebenzisa irubrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi

ISINGENISO:
Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngokuvezwa komlingiswa ongummeleli ngobunjalo nangezenzo zakhe kulo mdlalo.

Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe. Indaba yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke. Kulo mdlalo, *Awuwelwa UMngeni*, ummeleli inkosi uSalimani, indikimba yezombangazwe.

UMZIMBA:

Kungasetshenziswa lawa maphuzu alandelayo ukuphendula umbuzo:
Unesibindi, nobuqhawe futhi akabesabi abelungu
- Akazange esabe ukuphikisa isinqumo uHulumeni ayesesithathile sokuklanywa kabusha kwemingcele.
- Walumela lolu daba kwaze kwabizwa uSomtsewu ukuba azochazela isizwe ngalo.
- Washo ngomlomo wakhe ukuthi kunokuba kuwelwe uMngeni amanzi oMngeni ayophenduka igazi.

Ukhaliphile yize wayesekhulile
- Wayeyazi yonke imingcele yezwe lobabamkhulu bakhe engayibukanga ebalazweni kanye nomlando wokufika kwabelungu. Ngenkathi ebizelwe enkantolo eMshwathi wakwazi ukuchazela uZithulele ngemingcele yendabuko yezwe lakhe engayibukanga ebalazweni njengoZithulele.
- Wenza nesu lokuba kube nokhetho kusetshenziswa ubhontshisi omnyama nomhlophe ukuze abantu bazikhethele bona ngodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele.
- Akazange adikibale ngokwephucwa uMngeni enkantolo yaseMshwathi kodwa icala walidlulisela emajajini eMgungundlovu.
- Wagcina ngokubuyiselwa indawo yakhe.

Ubusa ngokwentando yeningi:
- Izinqumo ayezithatha wayezixoxa nabafowabo kanye nesizwe sonke.
- Wanikeza ibandla ukuba lithethe icala likaMphiliphili lokuba imbuka.
- Abesifazane nabo babeba ingxenye yezimbizo nokhetho. Ngenkathi kuzoba nembizo kaSomtsewu noVimbingwenya, wayevumela ukuba kumenywe nabantu besifazane ngoba engakhethi bulili.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Unozwelo:

- Ngenkathi kuthethwa icala likaMphiliphili emzini wenkosi uSalimani eTsheni, sithola inkosi uSalimani imbuka sakumdabukela uMphiliphili.
- Wakhuza abafowabo ababefuna ukumudla luhlaza uMphiliphili.Bebebemhlasela ngamazwi ngesenzo sakhe sokuthula nozungu lukaSomtsewu.
- Wahlawulisa uMphiliphili izinkabi ezintathu yize uNomehlo ayibone incane le nhlawulo ngokwakhe wayefanele ukuhlawuliswa izinkabi ezinhlanu.

Isiphetho (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)

USalimani uvezwe kahle njengomlingiswa ongummeleli walo mdlalo. Lokhu kufakazelwa yizenzo, inkulumo nangendlela abuka ngayo izinto.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokuvezwa kommeleli.]

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Isizathu ukuthi uZithulele ulwa noSalimani ngoba ethi izwe akulona elakhe nokhokho bakhe kodwa ngelikaHulumeni.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eluvezile udweshu wasekela] (2)

19.2 Inkulumo kaSalimani iveza ithoni yendelelo/yentukuthelo/yokubhuqa njengoba etshela uZithulele ukuthi akanalo ulwazi ngempilo yabantu abamnyama.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile ithoni wasekela] (2)

19.3
- UMphiliphili wavuma ukubizwa nguZithulele othunywe nguSomtsewu emcela ukuba angabayekeli kule nkinga yezwe abalibanga noSalimani.
- UNgoza wamgidlabeza ngompondo abahlanu wathi yisipho sakhe sikaKhisimuzi asiphiwa nguSomtsewu.
- Wamukela indlezane ayithunyelelwa uMgqabula emsisela ngayo kanye namashumi amabili ompondo athi isipho esivela kuHulumeni.

[Nikeza amamaki ama-3 uma efingqile ngamaphuzu amathathu] (3)

19.4 USalimani ubiza umhlangano wabantu bakhe noHulumeni kaSomtsewu, unquma ukuthi abantu bakhe bakhethe ukuthi bayawuwela uMngeni. USalimani uqhamuka nesu lokukhetha ngokusebenzisa ubhontshisi. Abantu bakaSomtsewu bahlulwa ngoba izinkamba zigcwala ubhontshisi omnyama. UHulumeni wenza ubuqili bokuklama umngcele, abantu bakaMgqabuli bahlasela abakwaSalimani kwaVimbingwenya emzini kaMcondo.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ezilandelanisile izigameko] (3)

19.5 Umbhali uhlose ukuveza ukuthi kungenzeka umuntu asondelane nawe kodwa angathembeki. UMphiliphili uthi eyinduna kaSalimani avume ukuthengwa ngabelungu ngokwamukela izipho okwakungaholela ekutheni izwe likaSalimani ligcine lithathwa ngabelungu.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile inhloso wasekela ngoMphiliphili.] (2)

19.6 Bobabili bavezwe njengabalingiswa abawenza ngokuthembeka umsebenzi wabo kuhulumeni. UNgoza uthi engumuntu omnyama, uthunywa uHulumeni ukuba atolike ngolimi lwesiZulu, uphinde akhiphe amabutho kaSalimani enkantolo ngokungabi namahloni. UZithulele ungumlungu, uthunywa uHulumeni ukuba atshele uSalimani ngokuklanywa kabusha kwemingcele, uphinde ulahla uSalimani ngecala enkantolo yaseMshwathi ngemuva kokulwa kwabantu bakaMgqabula nabakaSalimani.

[Nikeza amamaki ama-3 uma izenzo ziqhathanisiwe zasekelwa.] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

19.7 Wawuzoba mubi, uSalimani nabantu bakhe babengathukuthela, bahlasele abelungu, kuliwe kuchitheke igazi. Wayengahluleka ukukhokha izindleko zecala bese egqunywa ejele. Izwe lakhe lalingathathwa lonke ngobuqili ngabelungu njengoba babefuna ukuklama kabusha imingcele.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze imiphumela wasekela] (3)

19.8 Umbhali ugcizelela ukuthi ungabokwenza into ucabange ukuthi ngeke ubanjwe njengoba uSomtsewu wathumela abantu bakaMqgabula ukuba bahlasele abakaSalimani. UZithulele wabopha bonke abantu bakaSalimani. USalimani walahlwa yicala enkantolo eMshwathi. Walidlulisela eMgungundlovu icala lafika lalahla uHulumeni kaSomtsewu. Ijaji lanquma ukuba izindleko zecala zikhokhwe nguHulumeni.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile umyalezo wasekela] (2)

19.9 Ngiyavumelana ngoba indikimba yalo mdlalo ngeyombangazwe. UZithulele utshela uSalimani ukuthi akanalo izwe, izwe ngelikaHulumeni yingakho ethi makamtshele ngemingcele okwenza inkosi uSalimani nabantu bakhe bawothe ubomvu. OMgqabula nabantu bakhe bahlasela abantu bakaSalimani bahlulwe kodwa icala lilahle uSalimani.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eveze umbono ngendikimba wasekela] (2)

19.10 Umbhali uphumelele kahle ekusebenziseni ukubikezela enkulumeni kaZithulele ngoba ekugcineni kusenkantolo yaseMgungundlovu kuvela ukuthi amalungelo abephucwe uSalimani anawo ngendawo yakhe agcina ebuyele kuSalimani.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze impumelelo yokusetshenziswa kokubikezela wasekela] (3)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO:
Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngokuvezwa komlingiswa ongummeleli ngobunjalo nangezenzo zakhe kulo mdlalo.

Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe. Indaba yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke. Kulo mdlalo, *Ubhuku Lwamanqe* ummeleli nguPhindisiwe.

UMZIMBA
Kungasetshenziswa lawa maphuzu alandelayo ukuphendula umbuzo:

Akanasimilo
- Usukele uNkululeko ehlezi nabangani bakhe wazishelela yena.
- Uthandana noNkululeko ngoba umyeni wakhe onguThamsanqa esahambe ngomsebenzi.
- Ugcina ethola ingane eyivezandlebe enguZiphozonke.

Unezimfihlo
- Ushayelwa nguNkululeko ucingo kepha uyenqaba ukutshela umyeni wakhe onguThamsanqa ukuthi isoka lakhe lakudala lifuna bahlele ubugebengu yize esemncenga, uyafunga uyagomela ukuthi ngeke amtshela ngoNkululeko uyoze angene egodini.
- Akamtsheli uThamsanqa ukuthi ingane yabo enguZiphozonke akusiyo eyakhe wayitholiswa nguNkululeko.
- Akabatsheli abakwaMathonsi lapho endele khona ukuthi wayenezingane ezimbili azithola ngaphambi kokuba ashade noThamsanqa.
- Akamtsheli umyeni wakhe uThamsanqa ukuthi uNkululeko wenza itulo lokuba abulawe ukuze kuzotholakala ifa lakhe.

Unobugebengu
- Ushayisa ingane ngemoto qede uthenga uNkululeko ngemali ukuba aboshwe ngecala elenziwe nguyena.
- Unquma ukuvumelana noNkululeko ukuthi kubulawe uThamsanqa ukuze bathole imali yomshwalense, imali esebhange kanye nokuthola indlu yakhe.
- Untshontsha imali emsebenzini esesisefeni.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Uthanda imali

- Uthandana noNkululeko ukuze amthengele izingubo nokudla yize esebenza.
- Uvuma ukuhambisana necebo likaNkululeko lokuyogqekeza ebhange kanye nokubulala uThamsanqa ukuze naye ahlomule.

Isiphetho (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)

UPhindisiwe uvezwe kahle njengomlingiswa ongummeleli walo mdlalo. Lokhu kufakazelwa yizenzo, inkulumo nangendlela abuka ngayo izinto.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokuvezwa kommeleli.]

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Isizathu esenza ukuba kube nodweshu uMakhangela uxabana noThamsanqa ofike wama ngezinyawo lokho kuyamthukuthelisa uMaKhangela. Usabisa uThamsanqa ukuthi uzombizela abazomxosha njengoba ekhombisa ukungawuhloniphi umuzi wakhe.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eluvezile udweshu wasekela] (2)

21.2 Inkulumo kaMakhangela iveza ithoni yentukuthelo njengoba ethukuthelela uThamsanqa ofika ame ngezinyawo emzini wakhe ubona ukuthi uyamdelela ngoba umuzi wakhe ungenayo indoda, uze umsabisa ngokuthi uzombizela amaphoyisa.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile ithoni wasekela ngokwesiqeshana] (2)

21.3
- UMaMhlongo uphupha uhlanya luqubula uZiphozonke ngoba luthi uyingane yalo.
- Limthathe lamphonsa ehlozini elikhulu elingame isiziba sikamaminzela.
- UMaMhlongo walulandela uhlanya ethwele izandla ekhandla kwase kuqubula igovu.

[Nikeza amamaki ama-3 uma efingqile ngamaphuzu amathathu] (3)

21.4 UPhindisiwe uthola ucingo esemsebenzini oluvela kuNkululeko ofuna babuyelane. Uma uPhindisiwe enqaba uNkululeko ushayela ucingo emzini wakhe noThamsanqa. UPhindisiwe akamtsheli uThamsanqa iqiniso, uqamba amanga uthi isoka likaNokuphika. UThamsanqa uphinde umbuza ngoNkululeko, uPhindisiwe akalikhulumi iqiniso, uThamsanqa ugcina embeke isandla.

[Nikeza amamaki ama-3 uma ezilandelanisile izigameko] (3)

21.5 Umbhali usebenzise umlingiswa onguSarah ukwelekelela/ukugqamisa ukungathembeki kukaPhindisiwe.Uhlose ukuveza ukuthi kungenzeka umuntu osondelane nawe kodwa angathembeki. USarah uthe uma ezwa ukuthi nguPhindisiwe lona othi makavule emnyango wavula kanti usezothunjwa yizigebengu, zimphuce ukhiye wasebhange.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eyivezile inhloso wasekela] (2)

21.6 Banezenzo ezingefani mayelana nokuphathwa kwamakhosikazi. Umlingiswa onguMathonsi umphethe kahle umkakhe uMaMhlongo. Uma kunokungaboni ngasolinye bayaxoxisana, akamshayi. Umlingiswa onguThamsanqa umphethe kahle umkakhe, uPhindisiwe kepha uma bexabana uyamshaya umkakhe.

[Nikeza amamaki ama-3 uma izenzo ziqhathanisiwe zasekelwa] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

21.7 Wawuzoba mubi, UPhindisiwe wayengeke esathenjwa nguThamsanqa njengoba uThamsanqa wayezobe esebonile ukuthi uqhubekile waba nezimfihlo nakuba babekhulumile ukuthi bangabolala kukhona udaba abangalulungisile. Wayezohlala kubo kwaMakhunga, aphelelwe wumsebenzi, mhlawumbe agcine ehlukanisile noThamsanqa.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze imiphumela wasekela] (3)

21.8 Umbhali ugcizelela ukuthi ungabokwenza into ucabange ukuthi angeke ubanjwe njengoba uSikela uboshelwa amacala okwenza izitifiketi zomshado ezingekho emthethweni ebe esebenzela uMnyango wezaseKhaya. Ugcina ngokuphelelwa ngumsebenzi, ugwetshwa iminyaka engamashumi amabili.

[Nikeza amamaki ama-2 uma echazile umyalezo wasekela] (2)

21.9 Ngiyavumelana ngoba indikimba yalo mdlalo ubugebengu obuhleliwe. UNkululeko wenza ubugebengu obuhleliwe ngokukhohlisa inkantolo, uboshelwa icala lokushayiswa kwengane nguPhindisiwe. Utshela oMathonsi noMaMhlongo ukuthi ushadile noPhindisiwe, wenza isithombe somshado nesitifiketi somgunyathi. UNkululeko uhlela ubugebengu, ubamba ibhange inkunzi, ebe ehlose ukuthi uma eyithola imali uzombulala uPhindiiswe.

[Nikeza amamaki ama-2 uma eveze umbono indikimba wasekela] (2)

21.10 Umbhali uphumelele kahle ekusebenziseni ukubikezela enkulumeni kaMathonsi ngoba ekugcineni kuvela enkantolo ukuthi uNkululeko uthenge isitifiketi somshado kuSikela owayesebenza eMnyangweni wezaseKhaya.

[Nikeza amamaki ama-3 uma eveze impumelelo yokusetshenziswa kokubikezela wasekela] (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **6 AMAMAKI**	**5–6** -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	**4** -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	**3** -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko -Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	**2** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	**0–1** -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenziswe embuzweni omude. **4 AMAMAKI**	**4** -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	**3** -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**2** -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo.	**1** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	**0–1** -Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

QAPHELA: Uma ohlolwayo engazange abhale sanhlobo ngokubuziwe, waqoka ukuziqmbela i-eseyi akatholi lutho amamaki okuqukethwe kanye nesakhiwo nolimi

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	**12–15**	**9–11**	**6–8**	**4–5**	**0–3**
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **15 AMAMAKI**	-Impendulo enembayo: -Impendulo enhle kakhulu: -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	-Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	**8–10**	**6–7**	**4–5**	**2–3**	**0–1**
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenziswe embuzweni omude. **10 AMAMAKI**	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenziswe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.
UKWABIWA KWAMAMAKI	**20–25**	**15–19**	**10–14**	**5–9**	**0–4**

- **Akufanele kube nomehluko odlula amazinga amabili phakathi kwamamaki esakhiwo nolimi kanye namamaki wokuqukethwe.**
- **Impendulo yokuziqambela kufanele inikezwe u-0 kokuqukethwe no-0 isakhiwo nolimi.**